

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2019

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-7.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/Uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele.
10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

- 1.1 Mhla kufika isivakashi esasingalindelwe ekhaya. [50]
- 1.2 Intsha yanamuhla. [50]
- 1.3 Ukuba wakhuliswa kahle ngabe akabahlukumezi abanye abafundi. [50]
- 1.4 Ubuhle nobungozi bokuwina imali eningi kakhulu. [50]
- 1.5 Imicimbi yasebusuku iyimbangela yezinkinga intsha ebhekene nazo. Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sihloko? [50]
- 1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.6.2



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.6.3



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A:

50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Umalumekazi wakho akahlali nabazala bakho ekhaya ngenxa yokusebenza kude. Lokhu kwenza abazala bakho bathole ithuba lokwenza izinto ezingalungile behlangene nabangani babo.

Bhalela umalumekazi wakho incwadi umchazele ngalezi zinto, umtshele ukuthi sewehlulekile ubakhuza.

[30]**2.2 UMLANDO NGOMUFI**

Buka lesi sithombe esilandelayo bese ubhala umlando ngomufi usebenzise imininingwane oyinikiwe.

[Sithathwe ku-googlepics.com]**[30]****2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Endaweni yangakini kuzokwakhiwa uMtapo Wolwazi (Library), ikomidi lomphakathi lizohlangana mayelana nokwenza lo msebenzi.

Bhala i-Ajenda namaminithi omhlangano enibe nawo njengoba unguNobhala waleli komidi.

[30]**2.4 INKULUMO ELUNGISELELWE**

Ungumdlali weqembu lesizwe ovelele. Uthishomkhulu wesikole saseThubalethu High ukucele ukuba uzogqugquzela abafundi futhi ukhulume ngokubaluleka kwezemidlalo ezikoleni.

Bhala inkulumo ozoyethula kubafundi kanye nothisha baseThubalethu High.

[30]**AMAMAKI ESIQEPHU B:****30**

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama -80.

3.1 ISIKHANGISI

Uvule isitolo sokudayisa ama-laptop, omakhalekhukhwini, nokunye okuphathelele nezobuchwepheshe endaweni yakini.

Bhala isikhangisi ozoheha ngaso amakhasimende.

[20]

3.2 IDAYARI

Abazali bakho bafuna ukukujabulisa emva kokuqeda ukubhala ukuhlolwa kokuphela konyaka ngokuthi ukhethe indawo ofisa ukuyivakashela ngempelasonto, kusukela ngoLwesihlanu kuze kube yiSonto.


Bhala idayari yezinsuku ezi-3 ezoveza amalungiselelo ozowenza ngaphambi kokuvakashela indawo oyikhethile.

[20]

3.3 INKOMBANDLELA

Buka umdwebo osekhasini elilandelayo bese ubhala inkombandlela ulandele imicibisholo esuka egalaji uze ufike endaweni yokuhlanganela uma kunenkinga yokusha kwendlu.

[20]



[Umdwebo wokuziqambela]

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C:
AMAMAKI ESEWONKE:

20
100